



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMHLANGANWENI KAZIBAMBELE NGOMASHI 2008**

Ngibanibingelela nonke

- ? Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika uhlinzeka abesifazane bonke ngamalungelo nokulingana. Umthetho uyasiphoqa ukuthi siqinise imizamo yethu yokufukula abesifazane kwezenhlalo nomnotho .

- ? Kuyaziwa ukuthi eNingizimu Afrika abantu abampofu kakhulu batholakala emizini ephethwe ngabesifazane. Esimweni lapho isifundazwe besihlaselwe udlame lwezepolitiki nezimpi zombango, angidingi ukulokhu ngikhipha izibalo ngezibalo eziveza inkinga ebhekene nabesifazane basemakhaya noma omama ababheke imizi.

- ? Yingakho ekusunguleni kwethu uhlelo lukaZibambeke, sagxila emakhaya aphethwe abesimame ukuthi kube yiwo athola izinkontileka. Lolu hlelo lwenza siyibone kahle indima esesiyihambile ekufukulweni kwabesimame ikakhulukazi basemakhaya .

- ? Uhlelo lwethu lukaZimbabwe luthathwa njengolugcono eNingizimu Afrika. Njengamanje seluyi ngxenye ye-Expanded Public Works Programme okuwuhlelo lukahulumeni lokudala amathuba emisebenzi kubantu.
- ? Asikwazi-ke ukuvele sihlale phansi sivumele uZimbabwe ashaywe indiva ngaphakathi eMnyangweni wethu. Sesibeke umhlahlandlela weNingizimu Afrika yonke futhi kumele siyithathe ngokuzimisela indawo yethu yokuhola lapha.
- ? Sekujwayelekile ukuba ngithole izikhalo zokuthi:
 1. Amathuluzi awalethwanga kosonkontileka ngakho -ke abakwazi ukwenza imisebenzi yabo ngendlela engcono;
 2. Kwesinye isikhathi kuba nabasebenzi abafaka ipolitiki kulolu hlelo, basebenzise nolimi olubi kosonkontileka;
 3. Osonkontileka babuye bakhokhelwe sekuhambe isikhathi kanti kukhona osonkontileka abaqhubeka nokusebenza bengakakhokhelwa sanhlobo;
 4. Uthola ukuthi inkwali yokuvala imigodi ayilethwa ngesikhathi;
 5. Kwezinye izindawo abekho abantu abaqaphe umsebenzi nokwenza abanye osonkontileka bazilovele bangasebenzi.
- ? Embuthanweni kaZimbabwe nyakenye sakhuluma kakhulu ngenselelo yezinga losonkontileka bakaZimbabwe abangakwazi ukufunda nokubhala. Lokhu kungumphumela wesimo sakudala ebesingabavumeli abesifazane ukuthi baye esikoleni bathole imfundo.
- ? Lokhu kuba yinkinga kosonkontileka bakaZimbabwe okufanele bahambisane nesikhathi samanje esidinga baye emabhange bayokhipha imiholo yabo. Phezu kwalokho futhi, ukuqeqeshwa abakutholayo osonkontileka kudinga ulwazi lokufunda nokubhala ukuze baqonde kahle.

- ? Kuyajabulisa ukuthi ukusebenzisana koMnyango wezokuThutha noMnyango wezeMfundo ukuze kufakwe oZibambelehlelweni lukaMasifundisane nolwemfundo yabadala i-ABET kuhamba kahle kakhulu. Njengamanje bangu-340 abantu asebenzise ohlelweni lokuqeqeshwa ukuze bafundise, kanti abangu-9010 sebebhalise njengabafundi balolu hlelo.
- ? Njengengxenywe yokuqhamuka namasu amasha kulolu hlelo lukaZibambelehlelweni nokuba ngamavulandlela ekuqeqesheni nokuthuthukisa abampofu, uMnyango usulekelela osonkontileka abayintsha ukuthi bathole imfundo yamakhono afanele. Sikhuluma nje, bangu-113 osonkontileka abayintsha asebenzise kuma-learnership.
- ? UMnyango usube negalelo elikhulu ekufukulweni kwama-saving club ngokunika inkontileka yokwakha amavesti okusebenza iZimabli Zasehlobo Saving Club yaseMaqongqo. Sesibenzise wona ama-saving club ukuhlinzeka ngokudla uma kunemicimbi yMnyango.
- ? Njengohulumeni, sidinga ukuqhamuka namasu azovala igebe phakathi kwamazinga omnotho esigabeni sokuqala nesesibili. Lokhu ngeke kwenzekwe uma engekho amathuba emisebenzi namabhizinisi anikwa abantu bakithi abampofu.
- ? Sifuna kushaye unyaka ka-2009 sebengu-40 000 osonkontileka bakaZibambelehlelweni. Njengamanje sesinabangu-38 000 ohlelweni lwemininingwane lwethu. Kuyajabulisa ukuthi njengamanje oZibambelehlelweni sebebungule ama-Saving Club angu-1007. Imali engu-R 8 million asebenzise ikhombisa ikhono namandla akhona kubantu abampofu ekongeni imali.

? Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele, ikakhulukazi ukuntshontsha imali yomama abampofu kuwumhobholo ongenakubekezelelwa nhlobo. Esikhundleni salokho kumele nibe umhlahlandlela ozothatha uhlelo uluse phambili.

Ngiyabonga